



Izinto Ezidingekayo

Usuku Lomhlaba Lokufunda Uphimisele 2021

Amacebo awusizo okuxoxela izingane zasukulisa izindaba

Indaba ethi Fly, everyone, fly! (Ndizani, nonke, ndizani!) ikulungele ukufundelwa izingane ezineminyaka eyisi-6 nangaphezulu kodwa lokhu akusho ukuthi izingane ezineminyaka engaphansi kwaloko ngeke nazo zayithokozela! Nanka amanye amacebo okuxoxela izingane eziphakathi kweminyaka kodwa, emi-3 kuya kweyisi-6 izindaba.

Ngaphambi Kokuxoxa indaba

- ★ Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kokuxoxela izingane indaba, yifunde izikhathi ezimbadlwana. Yazi kahle ukuze ukwazi ukuyixoxa ngamagama akho.
- ★ Cabanga ngezindlela zokuthi uzoyixoxa kanjani indaba ithathekise.
 - Yiqale indaba yakho ngendlela **EZOLUTHA** izingqondo zezingane. Isibonelo: **BHALA incwadi ethi: 'Ubani ongathanda ukuhamba nami ngebhasi siyovakashela uGogo? Ozithobayo u-Afrika.'** Bese ubeka incwadi endaweni lapho izingane zizoyithola khona bese uma ziyithola, **UZIFUNDELE** yona. Sebenzisa izihlalo ukwenza 'izihlalo sazebhasini'.
 - Thola izingxenywe zendaba lapho izingane zizohlanganyela nawe, isibonelo: **ukwenza iminyakazo yeculo lika-Josh.**
 - Yiziphi izindlela zokudlala ngobuso nangezandla ngazisebenzisa njengoba uxoxa indaba? Isibonelo: **Ukumamathaka nokuvayizela njengoGogo esitobhini sebhasi.**
 - Qoqa futhi/noma wenze ezinye zezinto okukhulunywe ngazo endabeni ozoziveza lapho sewuxoxa indaba. Isibonelo: **ubhaka onephepha kuwona, ibhanoyi lephepha.** Noma, dawuniloda bese uprinta izithombe zendaba lapha www.nalibali.org
- ★ Zejwayeze ukulokhu uyixoxa indaba uze uyazi kahle.

Ngenkathi usuyixoxa

- ★ Yethula indaba ezinganeni bese uqala ukuyixoxa.

Emva kokuxoxa indaba

- ★ Buza imibuzo evulelekile ukuze ukhuthaze izingane ukuba zicabange zisabalale futhi zikhulume ngemibono ehlobene nendaba, isibonelo: **Ungathanda ukuba sebhanoyini noma ebhasini? Ngobani?**
- ★ Ndawonye, shayani sengathi ningokuthile okundizayo. Nika wonke umuntu ithuba lokuzisho ukuthi uyini.
- ★ Cela izingane ukuba:
 - zenze amathikithi ebhasi noma **zidwebe** izithombe mayelana nendaba zisebenzisa amapeni ombala, amakhokhi, iphepha nezikele.
 - **zidlale** ebhasini olenzile. (zingase futhi **zilugqokele** lolu hambo!)
 - zakhe kabusha izimo ezahlukene ezitholalala endabeni zisebenzisa ubumba noma ubumba lokudlala.
 - zakhe amabhanoyi noma amabhasi ngezimpahla ezisetshenziswa kabusha (njengekhalibhothi, amabhokisi, izingqawembe zephepha lokusula, izivalo zamabhodlela), i-glue, izikele nopende.

Okubaluleke kakhulu, **KUTHOKOZELE LOKHU!**

Yenzelwe abakwaNalibali ngabakwa
PRAESA www.praesa.org.za



PRAESA
Growing biliteracy and multilingualism



T: +27 (21) 448 6000

E: info@nalibali.org

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

